

Karen Lilje Michelle Preen Wilna Combrinck



Uhleko



olulahlekile



**Uhleko olulahlekile**

Le ncwadi ngeka

---







Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit [bookdash.org](http://bookdash.org).

*Uhleko olulahlekile*  
(The lost laugh)

Illustrated by Karen Lilje

Written by Michelle Preen

Designed by Wilna Combrinck

Edited by Helen Moffett

Translated by Nal'ibali

with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 2 December 2017.

ISBN: 978-1-928442-42-4

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

**Attribution:** You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.


**No additional restrictions:** You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

**Notices:** You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

**No warranties are given.** The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.



# Uhleko olulahlekile



Karen Lilje   Michelle Preen   Wilna Combrinck



UMabhadubhadu, impisi,  
wayephatheke kabi kakhulu.  
Wayelahlekelwe wuhleko  
lwakhe.



“Ngicela ungisize  
ngithole uhleko  
lwami, Ndlulamithi,”  
kucela yena.



“Angizwa luhleko  
lapha phezulu  
mina,” kusho  
uNdlulamithi.



“Ngicela ungisize ngithole  
uhleko lwami, Mvubu,”  
kusho uMabhadubhadu.

“Angizwa luhleko  
lapha phansi  
mina,” kuphendula  
uMvubu.




“Ngicela ungisize ngithole  
uhleko lwami, Ntibane.”

“Angizwa luhleko  
lapha mina.”



“Ngiyakucela ungisize ngithole  
uhleko lwami, Nkawu,” kusho  
uMabhadubhadu.

“Lukulahlekele kanjani?”  
kubuza uNkawu.



“Uma ngihleka, uyawabona amazinyo  
ami amakhulu. Lokho kwenza  
uwonkuwonke athuthumele,” kusho  
uMabhadubhadu.

“Emva kwalokho ngaphatheka  
kabi kwabe luyanyamalala uhleko  
lwami njalo.”





**“Akukho lapho  
ngingaluthola khona.”**

“Kodwa ubucinga  
endaweni engafanele,”





**kusho uNkawu**

**egxuma ephuma**

**esihlahleni maqede  
ethatha uphapse.**

Emva kwalokho wayeseqala  
ekitaza uMabhadubhadu  
yonke indawo.



Kancane kancane  
uMabhadubhadu waqala  
ukumoyizela, emva  
kwalokho wahleka kakhulu,  
uhleko oluzwakalayo.

Wahleka, wahleka waze  
wagingqika phansi  
enhlabathini.



Zonke ezinye izilwane zaqala  
ukuhleka nazo.

“Ulutholephi uhleko lwakhe?”  
kubuza ezinye izilwane.



“Uhleko lwakhe belulokhu lungaphakathi  
kuye sonke lesi sikhathi. Ngivele  
ngamenza wajabula lwabe seluyaphuma  
njalo,” kuchaza uNkawu.





Zonke izilwane zahleka,  
zahleka kwaze nakuzo  
kwavela amazinyo azo.

**“Ngeke ngiphinde  
ngilahlekelwe  
wuhleko lwami futhi,”  
kwasho,  
uMabhadubhadu  
impisi ethokozile.**





